

# Vuk'uzenzele



Niyethulelwa wuPhiko likaHulumeni Lwezokuxhumana Nokudluliswa Ngolwazi (GCIS) isiZulu / English |Nhlanguana 2018 Ushicilelo I

## Umlimi wesifazane ophokophele empumelelweni

**UKUVOLONTIYA EMASIMINI** esemncane kumvulele emkhakheni wezolimo lo owesifazane ongosomabhizinisi ophokophele phambili.

**O**khule entula futhi ehlekwa ngokusebenza epulazini, manje usezakhele igama ngokuba umlimi ovelele wophepha abaluhlaza, uMahlatse Matlakane (oneminyaka yobudala engama-20).

UMahlatse waqala ukuvolontiya epulazini lasendaweni elikhizisa ophepha abaluhlaza njalo ngezimpelasonto noma kuvalwe izikole eneminyaka eyi-15, futhi ezama ukusiza umama wakhe owayengasebenzi ukuthi abe nokuya ngasethunjini.

UMatlakane uzinze e-Ga-Moisimane e-Buchum eduzane nasePolokwane eLimpopo.

Nakuba edla izithelo zomsebenzi wakhe, uthi akukaze kube lula nenze.

“Ngesikhathi ngikhula nodadewethu nabafowethu bekungelula neze. Ontanga bami bebengenza inhlekisa ngesikhathi ngiqala ukusebenza epulazini bethi ipulazi elabantu abangafundile.

“Lokhu kwakungizwisa ubuhlungu kakhulu kodwa ngangifisa ukuqokelela ulwazi ngezolimo ukuze ngolunye



**UMahlatse Matlakane usendleleni yokuba ngumlimi ovelele wophepha abaluhlaza eGa-Moisimane eBuchum, okuyindawo engaphandle nje kwasePolokwane eLimpopo.**

usuku ngixile kulo mkhalkha,” elandisa.

Kwathi lapho uMatlakane eseqokelele ulwazi, waqonda kumnikazi wepulazi u-Johan Nel, walapho ayevolontiya

khona wacela ukutshala imbewu alime ophepha abaluhlaza.

U-Nel wamabela emhlabeni wakhe umhlaba ongamahekthara amabili.

“Kwangimangaza ukuthi

imbewu encane ingashintsha ikhiqize ophepha abaluhlaza abakhulu. Ukubona ukuthi

**Iqhubeka ekhasini lesi-2**



**Uhlelo lwe-ABIS loMnyango Wezasekhaya luzohlinzeka ngosizo olusheshayo Ikhasi 2**



**Abaqaphi beziqiwu bavikela obhejane Ikhasi 8**



**ALSO AVAILABLE ON:**



@VukuzenzeleNews

f Vuk'uzenzele

Websites: [www.gcis.gov.za](http://www.gcis.gov.za)

[www.vukuzenzele.gov.za](http://www.vukuzenzele.gov.za)

E-mail: [vukuzenzele@gcis.gov.za](mailto:vukuzenzele@gcis.gov.za)

Tel: (+27) 12 473 0353

**Free Copy**

**“Imfundo yisona sikhali esinamandla kunazo zonke ongasisebenzisa ukuguqula umhlaba.”**

Nelson Mandela



# Home Affairs ABIS to provide faster service

**THE NEW** biometric system will be rolled out over a period of five years.



Home Affairs Minister Malusi Gigaba gives the new Automated Biometric Identification System a test drive. The system will speed up service delivery and the issuing of ID documents.

The new Automated Biometric Identification System (ABIS) will have an impact on the turnaround time for issuing ID documents and passports, and will reduce the duplication of identities.

The Minister of Home Affairs, Malusi Gigaba, recently announced ABIS which is said to change the way in which South Africans are identified and will form the backbone of how the public and private sector will manage the au-

thentication of their clients.

ABIS will be the identification and security solution in support of national government's drive towards modernisation of all departments for service efficiency.

The system will offer a single

source for biometric authentication for South Africans.

"The ABIS project will be rolled out in phases over a five-year period. Among others, implementation will entail migration of the current Home Affairs National Identity System (HANIS) data fingerprints and facial recognition, to the new ABIS with improved functionality, installation and configuration of ABIS infrastructure and building of system functionalities," he said.

The country's banks will be able to verify client identification quicker and the tourism sector will benefit due to quicker response times at ports of entry to capture and verify a traveller's identity.

Minister Gigaba also said the SA Police Service will be able to search for suspects by matching latent prints against ABIS records. The system will also lead to improved border control, which should create a competitive economic environment to attract critical skills, enable growth, increase foreign direct investment and create jobs.

## DID YOU KNOW?

The Department of Home Affairs has issued 10 million smart ID cards.

Minister Gigaba said the ABIS project was initiated in January 2016 with the aim to replace the (HANIS), which is manually operated and outdated.

Minister Gigaba said one of the major challenges that were faced with HANIS was the imminent collapse of the over 20-year-old biometrics database which left the department with no choice but to carry out a technology upgrade.

Minister Gigaba added that the department partnered with the Council for Scientific and Industrial Research to develop specifications for a new biometric database.

He said the department worked with the State Information Technology Agency to procure a future-fit Automated Biometric Identification system. EOH was contracted to deliver the system after a thorough procurement process.

[SAnews.gov.za](http://SAnews.gov.za)

## Iqhubeka isuka ekhasini loku-1

izitshalo zinakekelwa kanjani ngomanyolo ukulwisana nezimbungulu kwangenza ngaba nothando lwezolimo kakhudlwana. Kusukela ngaleso sikhathi kwangicacela ukuthi ilokhu engifisa ukukwenza," ngokusho kukaMatlakane.

Ngemuva kokuphothula umatekuletsheni uMatlakane wahlala ekhaya nakuba iNyuvesi yaseGoli (i-UJ) yabe imamukele ukuba afundele

umthetho.

Wabuyela ku-Nel wamcela ukuba amqwashise kabanzi ngezolimo, u-Nel owamtshela ukuba akakhulume nenkosi yendawo ukuze imabele umhlaba.

Emva kokubona inqubekela phambili yakhe esebenza epulazini lika-Nel, inkosi yendawo yamabela umhlaba ongamahekthara angama-40 epulazini i-Babirwa Ba Tau Ya Tswala okuyilapho esebenzela khona. Useqashe abantu abasebasha abane asebenzisana nabo.

Ipulazi likaMatlakane likhizisa ophepha abaluhlaza libathumele ezitolo ezidayisa imikhizizo yasensimini e-Buchum, ePolokwane naseGoli.

Nakuba ibhizinisi lakhe lenza inzuzo elinganiselwa kwimali eyizi-50 000 zamarandi ngenyanga, uMatlakane uphokophele ukuthengisela amazwe omhlaba.

Nakuba engakalutholi usizo oluvela kuhulumeni, uMatlakane uphokophelele ikusasa eliqhakazile futhi uthi iphupho lakhe ukusiza abantu aba-



hlaselwe ububha emphakathini wangakubo ngokubanika amakhono futhi abaqashe nje-

ngoba ibhizinisi lakhe lisaqhubeka likhula. [V](#)



government communications

Department: Government Communication and Information System  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Tel: (+27) 12 473 0089

E-mail: [vukuzenzele@gcis.gov.za](mailto:vukuzenzele@gcis.gov.za)

Address: Private Bag X745, Pretoria, 0001

Head of Editorial and Production  
Tasneem Carrim | [tasneem@gcis.gov.za](mailto:tasneem@gcis.gov.za)

Editor-in-Chief  
Des Latham | [des@gcis.gov.za](mailto:des@gcis.gov.za)

Managing Editor  
Ongezwa Mogotsi  
[ongezwa@gcis.gov.za](mailto:ongezwa@gcis.gov.za)

News Editor  
Noluthando Motswai

Writers  
Noluthando Motswai  
More Matshediso  
Jauhara Khan

Senior Designer  
Tendai Gonese

Translators  
Nongcibelo Mocha  
Boitumelo Phalatse  
Phakamani Dadlana

Vukuzenzele  
is published by Government  
Communications (GCIS)

All rights reserved. Reproduction of the newspaper in whole or in part without written permission is strictly prohibited.

Printed by:



Distributed by:



# Abaqaphi beziqiwu bavikela obhejane

**UHLELO OLUNWETSHIWEYO** Lwemisebenzi Yomphakathi okuwuhlelo lwezemvelo ludala amathuba omsebenzi futhi luvikele izilwane nezinyamazane zasendle.



■ Abaqaphi bezemvelo badlala indima esemqoka ukugwema ukuzingelwa nokubulawa kwezilwane zasendle ezweni lonkana.

Dale Hes

Oqaphe ezemvelo uPhakamani Nyawo (oneminyaka yobudala engama-26), ozinze esiqiwini Umkhuze Game Reserve esifundazweni sakwa-KwaZulu-Natal, ongomunye wabaqaphi abayi-1 659 ab-

thweswe i-South African National Parks (i-SANParks) umsebenzi wokuqapha ezemvelo eziqiwini zikahulumeni nezizimele eNingizimu Afrika yonkana.

UNyawo, oyingxenywe yabasebenzi abaqaphe ezemvelo ngaphansi kwe-EPWP, ukholelwa ukuthi kusemqo-

ka ukufundisa umphakathi ngokunakekela imvelo.

“Sifisa ukuphuma sifundise umphakathi ukuthi kungani kubalulekile ukunakekela imvelo. Kulapho-ke umphakathi uzoqonda indima yezi-lwane nezinyamazane zasendle,” ngokusho kukaNyawo.

Lolu hlelo, okuwuhlelo

olufundisa intsha yaseNingizimu Afrika amakhono ewadingayo ukuze isebenze emkhakheni wokongiwa kwemvelo, izilwane zasendle nezitshalo, lolu hlelo lusize uNyawo ukuba anakekele umndeni wakhe.

“Umndeni wami usunophahla olungavuzi, ngoba ngiyasebenza. Kuyangithokozisa ukuthi ngathola leli thuba,” kusho uNyawo.

UNgqongqoshe Wezemvelo u-Dkt. Edna Molewa uhloniphe abaqaphi bezemvelo wababiza ‘ngabaqaphi beziqiwu’ ngoba ngegalelo elikhulu abanalo ukulwisana nobugebengu kwezemvelo, obufana nokubulala obhejane.

“Onyakeni odlule balinganiselwa kwi- 1 659 abaqaphi bezemvelo abasatshalaliswe ezindaweni ezidume kakhulu ngokubulala obhejane ukuze basize ngokuvikela ezemvelo. Laba baqaphi bazokhuthazwa ukuba babe amaxusa obhejane kulezi zindawo,” ngokusho kukaNgqongqoshe.

UNyawo wayeyingxenywe yethimba elabamba ozinge-

la abulale obhejane esiqiwini Umkhuze Game Reserve, okwaholela ekuboshweni kwabathile ngobugebengu.

“Ngiyaziqhenya ngemizamo yami kuleli cala, ulwazi lwanngisiza kakhulu ngoba ilona olwaholela ekubanjweni kwalowo owayezingela abulale obhejane,” kusho uNyawo.

Lolu hlelo selube ingqayizivele lwasiza ngokubamba, ukuphenya nokuboshwa kwalabo abazingela babulale obhejane; lwehlisa ukubulawa kwezilwane zasendle ngama-50%; lwaqikelela ukuthi ukuzingelwa kwezilwane kwehla ngama-76%. ■

## Ngabe bewazi?

**UMnyango Wezemvelo usuchithe imali ezizigidi ezingama-235 zamarandi uqeqesha intsha kumakhono emvelo.**

**Ukuze uthole eminye imininingwane ngokufaka isicelo sokusebenzela i-EPWP, xhumana noMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi kule nombolo: 012 406 1000.**

# Bami ngomumo basungula amathuba omsebenzi

**NJENGOBA SEKUSONDELE** isikhathi samaqubula omlilo, i-Vuk'uzenzele wenze ucwaningo ngezinhlelo zikahulumeni eziyimpumelelo ezilwisana futhi zilawule umlilo emaqeleni.

Adele Schormann

I-Working on Fire (i-WOF) ilawula uhlelo oludidiyelwe olongamele umlilo oselucashe intsha eningi emiphakathini encishwe amathuba.

Ngokuxhaswa uMnyango Wezemvelo, lolu hlelo luwela ngaphansi koHlelo Olunwetshiweyo Lwemisebenzi Yomphakathi (i-EPWP).

Lunikeza abantu abasha abangawutholi umsebenzi ithemba futhi seluphumelele kakhulu ekunqandeni nasekuvikeleni umlilo emaqeleni, lwehlisa nomthelela womlilo.

Ngalolu hlelo sekuqashwe abantu abangaphezulu kwezi-5 000 abaphuma emiphakathini entulayo futhi baqeqeshwa baqwashiswa ngomlilo, ezemfundo, ukunqanda nokuvinamba umlilo nakwamanye amakhono, afana nosizo lokuqala, ukubaza, ukupheka, ezempilo, ukuphepha nezokuxhumana.

ULebogang Maseko wezokuxhumana kwi-WOF uthi lolu hlelo luqondiswe kubantu abasha futhi luqasha abantu abaphila nokukhubazeka ukuze basebenze ezizindeni zalo ezisezifundazweni.

“Sigcizelela kakhulu eku-

■ **ULorraine Mokoena usehlomle kakhulu ohlelweni lwe-WOF**

thuthukiseni amakhono futhi siqasha abantu abasha abasaphuma esikoleni noma abasanda kuthola iziqu ezikhungweni zemfundo ephakeme. Kula-ba abaqashwe ngalolu hlelo, abangama-94% abantu abasha, abangama-31% abantu besifazane kuthi abayi-3% kube abantu abaphila nokukhubazeka,” egcizelela.

ULorraine Mokoena (oneminyaka yobudala engama-31) waseMpumalanga ungomunye wabaqashiwe futhi osezuze kulolu hlelo. Usesebenze iminyaka eyi-11 esebenzela i-WOF.

Emva kokuphuthula umatekuletsheni, waba nenkinga engawutholi umsebenzi iminyaka emibili. Udadewabo wamtshela ngohlelo lwe-WOF.

“Uhlelo lokufaka isicelo lwalungelula neze. Ukuba qatha inqubo esemqoka kakhulu kulo msebenzi futhi abantu abaziqashwa bavocavocwa kanzi-

ma. Uma uphumelela lokhu kufanele uxilongwe ngodokotela kulapho-ke uzoqala uqeqeshelwe ukuba isicishamlilo,” esalandisa.

UMokoena waqala eyisicishamlilo esisezingeni eliphansi wasebenza wanyuselwa esikhundleni lapho engomunye wabaholi abaqavile, uhola izicishamlilo eziyi-18.

“Lo msebenzi uyishintshile impilo yami. Ekhaya imina ngedwa engisebenzayo ukusiza odadewethu nabafowethu kanye nezingane ezimbili. Manje ngiyakwazi ukunakekela umndeni wami ngikhokhele nezingane zami esikoleni,” ngokusho kukaMokoena.

Uvumile khona ukuthi ukuba isicishamlilo ngokujwayelekile umsebenzi wabantu besilisa futhi usefunde ukuba isikhondlakhondla kulo msebenzi njengoba engumuntu wesifazane.

UMokoena ufisa ukuba umpha-

thi olawula konke eminyakeni emibili ezayo. Lokhu kuzomenza angamele wonke amaqembu e-WOF azinze eMpumalanga.

Njengoba isikhathi samaqubula omlilo sisondele, uMokoena usinikeze izixwayiso ezilandelayo zokuvikela umlilo wequbula:

- Ungashisi umlilo endaweni evulelekile uma uzohlulwa ukuwulawula.
- Qikelela ukuthi uthola usizo olwanele nezinsiza ukuze ubhekane nakho konke okungenzeka.
- Ungawushiya umlilo ungaqashwe muntu.
- Bheka isimo sezulu.
- Ungashisi esigangeni uma kushisa kakhulu noma kunomoya. ■

**Ukuze uthole eminye imininingwane ngohlelo lwe-WOF, shayela ku: 021 418 2569 noma ku: 082 508 0990 noma umbikombani: news@wofire.co.za.**

